# *Ngabe IBandla Liyohamba Ngaphambi KweNhlupheko na?*

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje ngezwi lomkhuleko.

2 Nkulunkulu ongcwele nolunge kakhulu, sifuna ukuKubonga ngomusa waKho othandekayo, ngokuba ungcono kithina kunokuphila. Futhi sikhulekela ukuthi Uzohlangabezana nathi kulobubusuku ngendlela ekhetheke kakhulu, futhi usiphe okwezibusiso zaKho. Kwangathi singabona isandla esikhulu eseluliweyo soMsindisi wethu othandekayo, ukuba sikhonze abagulayo nakwabahluphekile. Nokunikeza isandla esemukelanayo kulabo abakhathele endleleni yesono, kulobubusuku. Ukubamemela endlini kaBaba lapho ababhekeke ukuba babekhona.

3 SizoKucela ukuba ukhumbule labo abadukile endleleni encane neyingcingo, ukuze nabo futhi babuyele enhlanganyelweni kaBaba futhi.

4 Futhi siyakhuleka, kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Uzovula izindlebe zabantu, ukuba bezwe iVangeli, nokuthi Uzosoka izindebe zesikhulumi. Futhi masisetshenziselwe inkazimulo yaKho nje. Futhi ekupheleni kwalenkonzo, uma sesiya ezindaweni zethu ezehlukene, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba sikucela eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Amen.

5 Ngifisa ukufunda okunye emiBhalweni kulobubusuku, isahluko 17 sikaLuka oNgcwele, futhi siqale nge—ngevesi 26.

> *Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba-njalo nasemihleni yeNdodana yomuntu.*
>
> *Babedla, bephuza, beganwa, bendiswa, kwaze kwafika usuku uNowa angena ngalo emkhunjini, kwafika* ozamcolo, *wababhubhisa bonke.*
>
> *Kanjalo njengokuba kwenzeka nasemihleni kaLoti; babedla, bephuza, bethenga, bethengisa, betshala,* ba*yakha;*
>
> *Kepha ngosuku uLoti aphuma ngalo eSodoma . . . umlilo nesibabule* kwana *kuvela ezulwini, kwababhubhisa bonke.*

> *Kuyakuba-njalo ngosuku eyakwambulwa ngalo iNdodana yomuntu.*

6 Futhi okwendikimba, ngifisa ukuthatha kuGenesisi, isahluko 19 ne—nevesi 22.

> *Shesha ubalekele khona*, futhi uze lapha; *ngokuba ngingenze lutho ungakafiki khona.*

7 Kulokhu ukusa, bengikhuluma ngezahlulelo ezizayo, nakulobubusuku ngifisa ukuqhubeka. Singayizwa imimoya eshisayo yokwahlulela okusondelayo kukaNkulunkulu uSomandla. Njengoba siqala ukuzizwa lezizinto, kusifanele ukuba sithi ukubhekisisa lapho esiphila khona, nehora esedlula ngalo.

8 Futhi ngesinye isikhathi esedlule, kwakuyinhlanhla yami ukuvakashela eNdiya. Futhi ngaphambi nje kokuba ngifike eNdiya, babenokukhulu ukuzamazama komhlaba. Futhi ngangifunda kwiphephandaba eNdiya, ukuthi kwenzeka kanjani cishe ezinsukwini ezimbili ngaphambi kokuba kufike ukuzamazama komhlaba, babonakala sengathi babazi ukuthi kwakukhona okungalungile; zonke izinyoni ezincane ezihlala emifantwini ezakhiweni ezinkulu, nezazihlala ngaemithangaleni emikhulu. Iningi laseNdiya linemithangala. Nazo zonke izinyoni ezincane ezazinezidleke zazo kuleyomifantu, zasuka ezindongeni. Nazozonke izinkomo ezazivame ukuma zizungeze izakhiwo ezinkulu, ntambama, emthunzini, nasekuzungezeni imithangala emikhulu, cishe izinsuku ezimbili ngaphambi kokuzamazama komhlaba, zonke lezizilwane nezinyoni ezincane zaphuma zaba phakathi nokhalo ukuba zime.

9 Niyabo, kwakukhona okuthize ngakho, ukuthi uNkulunkulu wayenakekela izinyoni zaKhe nezilwane zaKhe. Niyazi, uNkulunkulu ofanayo owaziqondisa emkhunjini, ezinsukwini zasekuqaleni, ngenkathi bebhujiswa amanzi, ekushumayeleni kukaNowa, lowoNkulunkulu ofanayo usaphila futhi uyabusa namhlanje, futhi Unokuzilawula izidalwa zaKhe.

10 Futhi bengicabanga, "Uma uNkulunkulu wayezikhumbula kangaka izinyoni zaKhe ezincane, nezinkomo zaKhe nezimvu, ukuba azisuse embubhisweni ngaphambi kokuba ishaye, ubakhumbula kakhulu kangakanani-ke abantwana baKhe ozalwe ngoMoya waKhe, bagezwa ngeGazi laKhe. Uyabakhumbula." Futhi njengoba Wexwayisa izinyoni ezincane ukuba zisuke ezindaweni ezakhe kuzo, ngikholwa ngeqiniso ukuthi Uxwayisa abantu baKhe, namhlanje. Njengoba sibona izibonakaliso ezinkulu zokuFika kwaKhe osekuseduzane, ngikholwa wukuthi uNkulunkulu uxwayisa abantu baKhe ukuba bahlangane ndawonye, nokukhulu ukubizelwa ngaphandle ngalolusuku lokugcina.

11 Indaba yami kulobubusuku ithi: *Ngabe IBandla Liyohamba Nga—Ngaphambi KweNhlupheko na?*

12 Manje isikhathi sesedlule kunoma nicabanga. Sesedlule kakhulu, ngize ngikholwe ukuthi cishe impela sesedlule kakhulu eMelika. Sisekupheleni komgwaqo nje. Nakulokhu ukusa, ngenkathi ngisashumayela ngeBabiloni nezimo zalo, ngicabange ukuthi bekungakuhle kakhulu kulobubusuku, ukuletha okunye kweBhayibheli, ukukhombisa ukuthi sesiseduze kangakanani ekuFikeni kweNkosi. Futhi singabona, thina ngeso lethu lokwemvelo, ukuthi kukhona okufuna ukwenzeka.

13 Kukhona esikhulu i—isiphithiphithi phakathi kwabantu, kul'khuni nje ukuzama ukuba nemvuselelo. Amabandla ehluke kakhulu, futhi ahlalan'emiqaleni, ngenxa yezithiyo zamahlelo. NamaKristu anovalo kakhulu, kubonakala kunjalo, futhi aphatheke kabi. Kodwa, niyazi, kuyaxaka, kodwa iNkosi yethu yathi, "Nxa lezizinto ziqala ukwenzeka, ukuba nibuke phezulu," ukuthi ukuhlengwa kwethu kwasekusondela eduze.

14 Futhi njengoba sibona isihawu saKhe esikhulu, njengoba sikhishelwa kithi, sibona izandla zaKhe ezibonakaliso nezimangaliso ezinkulu; okungukuthi, amehlo ethu azovuleka, emizuzwini embalwa, ukubhekisisa. Manjena-ke kusinika lendunduzo eqine kakhulu, ukwazi ukuthi uNkulunkulu weBhayibheli usaphila nanamhlanje. Futhi uyabathanda abantwana baKhe, futhi Ubanika isexwayiso. Futhi labo abanomqondo kamoya, bayaphuma.

15 Futhi siyaqaphela, ngosuku uJesu ayekhuluma ngalo, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nasemihleni kaLoti."

16 Manje, emgamanxweni ngamunye wesikhathi, uNkulunkulu njalo ubenikeza ubizo lwesihawu ngaphambi kobizo lokwahlulelwa.

17 Manje uma ningosomlando, futhi kade ngifundisisa umlando kuleliviki, nasemavikini edlule amabili noma amathathu, iAnte-Nicene Fathers, ngomlando wasendulo webandla ngaphambi nje koMkhandlu waseNayisiya, kwase-ke ubumba ibandla eliKatolika eminyakeni engamakhulu ayishumi nanhlanu yezikhathi zobumnyama. Futhi ngiyakubona lokho kuleyomibhalo yaseNayisiya, noma uMkhandlu waseNayisiya wangaPhambili, ukuthi babenokufanayo nje njengoba sinjalo namhlanje. O, ukuthi kuziphinda kanjani nje!

18 Nokubona isimo sebandla, nesimo sabantu, nezibonakaliso zezikhathi, zibhalwe ndawo zonke.

19 Manje, ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze enze noma yini, emgamanxweni ngamunye wesikhathi, njalo uthumela isihawu, ingelosi, umprofethi, uMlayezo. Futhi njengasezikhathini zonke, namanje, konke kwedeleliwe. Ibandla alifuni ukuWemukela.

20 UNowa. Wakhuluma ngoNowa lapha. Futhi washumayela iminyaka eyikhulu namashumi amabili. Futhi nakuba umlayezo wakhe wawuyisihawu, abantu behluleka ukulalela ukufundisa kwakhe. Kwakuyinto eyayizobasindisa, kepha nokho abathandanga ukulalela. Futhi uma leso kungesiso isithombe esihle impela sezikhathi zanamhlanje!

21 Manje, ungahle uthi kimi, "Mfowethu Branham, ungasho kanjani ukuthi 'esihle,' futhi ube usidwebela isithombe osidwebayo na?"

22 Sihle ngoba iNkosi uJesu iyeza masinyane izela iBandla laYo, futhi kungumcabango omuhle ukwedlula yonke noma yisiphi sezidalwa zikaNkulunkulu esasingake sicabange ngawo; ukuphuma kulenxushunxushu bese singena eNkazimulweni yaKhe ebusisiweyo, lapho abadala beyoba basha, nabagulayo beyophiliswa phakade. Akusayikubakhona ukudabuka noma izinsizi. Uma leyo kungesiyo into enhle ukwedlula zonke engingacabanga ngayo! Nokuthi kubusiswe kanjani kulabo abalindele lesosikhathi sokubuthana.

23 Manje siyathola, njengoba uJesu akhomba emuva ezinsukwini zikaNowa. Ake sibuyele emuva nje, ngoba Wathi, "Thathani isibonelo sangalolosuku."

24 Manje, lapho uKayini noAbela. Lapho uKayini kade ebulale uAbela, kwase kuthi-ke uSeti wathatha indawo yakhe. Sithola ukuthi uSathane wayezama ukubhubhisa leyoNzalo eyayifanele ize, uNkulunkulu ayeyethembisile, ukuthi, "INzalo yowesifazane iyolimaza ikhanda lenzalo yenyoka." NoSathane wayezama ukubhubhisa leyoNzalo yobukhosi, futhi wayecabanga ukuthi ukwenzile ngenkathi ebhubhisa uAbela. Kodwa uNkulunkulu wavusa uSeti endaweni yakhe. Esihle kabi isithombe sokufa nokuvuka kukaKristu, neNzalo yobukhosi iza.

25 Manje-ke kuyisimanga ukuqaphela ukuthi kanjani, ngasohlangothini lukaKayini, baba ngabakholwa impela. Futhi babengabantu abasontayo; futhi kanjalo noKayini wayengumuntu osontayo. Wayekhonza iNkosi. Wakha ialtare. Wayengowesonto. Wayekhokha izikweletu zakhe. Wayenjalo, ngazo zonke izimo njengoba umuntu wayengambuka, zokuba yikholwa ngempela.

26 Kodwa kukhona izigaba ezintathu kuphela zabantu, okungukuthi, amakholwa, abangakholwa, nabazenzisi. Nezwe lisagcwele bona kulobubusuku.

27 NoKayini wayenza inkolelo nje. Futhi ozalweni lwakhe kuvela elikhulu iqembu labantu abasontayo, bekholwa impela.

28 Manje, lokhu akuvamile impela, kodwa nike naqaphela ukuthi ohlangothini lwakhe kuvela esiphucukile, isizwe esifundile na? IBhayibheli likubeka ngokucacile. Wathi, "Babakha, futhi babenza izinto ezinkulu." Isayense yavela

ozalweni lukaKayini. Nabakhulu besayense, nodokotela, namadoda adumile, avela ozalweni lukaKayini.

29 Lapho, ngakoluny'uhlangothi kwakungo—ngoluhluphekayo, uhlobo lwabantu olungabantukazana, kodwa babengabantu ababemkholwa uNkulunkulu wabo ukuthi ungowangempela. O Nkulunkulu, ngibale kanye nabo!

30 Futhi ngaphambi nje kokuba kufike isikhathi sokuphela, kwakukhona okukhulu ukudideka. Nohlangothi lwebandla elikhulu, kwakubukeka kanjalo, laliphumelele, njengoba kunjalo nje namhlanje, ngesayense.

31 Nenye into enkulu, wathi, "Babakha." Asikaze sibekhona isikhathi emlandwini ukuba ukwakha kube kukhulu kangaka njengoba kunjalo manje. Kungesinye sezibonakaliso zesikhathi sokuphela. Asikaze sibe nesikhathi sokwakha. Futhi manje, ngisho nasedolobheni lakithi elincane lapha, ngeke ngisakwazi ukuthola indawo eyenele yokuyozingela onogwaja. Konke sekuyizizinda zokwakha izindlu; ukwakha nje nokutshala. Futhi ukuba besingavula amehlo ethu, kungesinye sezigxobo zamasayini kaNkulunkulu ukuthi ukuphela sekuseduze.

32 Futhi besishumayela kulokhu ukusa, ngemishini ethwebula emkhathini iziputniki nemicibisholo ejikijelwayo, ukuthi bangama kanjani eMoscow, futhi baqondise umcibisholo ojikijelwayo phakathi noMgwaqo uFourth eLouisville, futhi bangasuki neze eMoscow. Futhi uyoqhuma kuvele imbobo emhlabathini, amafidi ayikhulu namashumi ayisikhombisa-nanhlanu ukushona phansi, okungamamayela ayikhulu namashumi amahlanu ukuwuzungeza. Umgodi ungaba mkhulu kangako. Emithathu yawo ingabhubhisa umhlaba wonke, iwuzamazamise emkhondweni wawo. Isayense, uyabona ukuthi ingakuluphi uhlangothi na? Ingasohlangothini olubi.

33 UNkulunkulu ulindele ukuba abantwana baKhe ukuba baMethembe ngakho konke abanakho. Kodwa sifuna ukwethemba isandla somuntu. Ngiqoka ukuba amathemba ami akhelwe kuKrsitu, ngithathe isinqumo sami esiqinile phezu komusa nesihawu saKhe, kunanoma yiliphi iqembu labantu elifundisiwe eliyobumba inhlangano, lithi, "*Yile* indlela." UKrsitu wathi, "Mina ngiyiNdlela, iQiniso, nokuKhanya. Futhi akekho ongeza kuBaba ngaphandle kwaMi."

34 Ngakho-ke, ningabona, wusuku olukhulu lwemfundo. Wusuku olukhulu lombango wezwe. Futhi khona impela phakathi kwalokho, kufanele ukuthi babenezwe lesayense elikhulu kunalelo esinalo manje. Bakha izivivane, asinayo neyodwa into ebingakha isivivane, uma wake waba seduzane kwaso. Ngike ngaba kuso, eGibhithe, nalezo eziseMexico. Futhi indlela, amablokwe edolobha aphakeme, abengaba ngamatshekazi abengasinda aze ayofika emakhulwini amathani, akhiwe phezulu lapho esiqongweni saleso esikhulu, isakhiwo

esikhulukazi. Futhi siqoshwe ngokuphelele kahle kakhulu ngangokuthi akukho ngisho indawo yokufaka insingo; sasikwa ngobukhulu ubungcweti. O, usuku olunje pho lwesayense! Futhi, kanti, sibekwe ngokuphelele kahle kakhulu maphakathi nomhlaba, futhi akunandaba ukuthi ilanga likuphi, alikho neze ithunzi ndawo zonke kuso. Ngiyangabaza ukuthi kambe besingalingana yini naso, namhlanje, esayenseni yethu yesimodeni.

35 Kodwa uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka ngalolosuku, kuyakuba njalo ekufikeni kwendodana kaNkulunkulu." Manje, noNowa washumayela iminyaka eyikhulu namashumi amabili, futhi, qaphelani, wayehlekwa.

36 Manje, uJesu washo futhi, ukuthi, "Njengokuba kwenzeka emihleni kaLoti, ukuthi, kuyakuba njalo." Emihleni kaLoti, babedla, bephuza, beganwa, bendisa, beplana, bakha, bethengisa, bethenga.

37 O, lwalungakaze lubekhona usuku, ukuthi, ezohwebo eziningi kakhulu kangaka, njenganamhlanje, kusetshenziswa izindawo zokupaka izimoto nakho konke. Kakhulu, ngangokuthi, ungathenga ifriji ngalonyaka, futhi uyikhokhele cishe amadola angamakhulu amane noma amahlanu, futhi ngonyaka ozayo akasekho oyifunayo. Isiphumile esitayeleni. Aniboni lapho izwe lezohwebo linekhala lakho esondweni eligayayo na? Ungathenga imoto kulonyaka, futhi ngonyaka ozayo cishe isifana nje naleyo owawungayithenga ngaleyonkathi, kodwa izokwehla ngamadola ayinkulungwane ngoba sebeshintshe isivalo sikaredjyetha noma benze intwana ethize ewubuthutha obuthize kuyo. Kungukukhuluma ngokuthengisa kuphela, ukugcwalisa iBhayibheli.

"Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nasemihleni kaLoti."

38 Nakuba, isikhathi ngasinye, izingelosi zaziqhamuka, kwakuvuka abaprofethi, nomlayezo wazo njalo ubungumusa, isihawu, nokukhululwa. Umlayezo kaNkulunkulu njalo ubungukukhululwa, ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela. Kuhloleni emiBhalweni yonke. Ukuthi uNowa wakushumayela kanjani ukukhululwa, futhi babahleka futhi bahlekisa ngabo, futhi babehlekwa usulu.

39 Futhi njengoba kwenzeka kuleyomihla, kunjalo nanamuhla. Futhi uma uphuma noMlayezo, ukuthi uKristu uvukile kwabafileyo, njengoba Ethembisa ukuthi Wayezozibonakalisa Yena uqobo. Futhi bayenza namhlanje, kulowomlayezo, njengoba benza nje eMlayezweni ngolunye usuku.

40 ULoti waphuma wayongena eSodoma, futhi wazama ngamandla akhe onke ukuba athole izihlobo sakhe ukuba zilalele umlayezo weNgelosi, kodwa bambhuqa futhi bathi wayehlekisa.

41 O, isithombe esinje pho salolusuku! Uma ubalethela uMlayezo wokukhulula kukaNkulunkulu, bathi, "Uhlekisa ngenkolo. Uzama ukulingisa into ethize." Uhlobo olufanayo leqembu! Ihora elinje pho esiphila kulo! "Awu, bacabanga ukuthi yibo bodwa ozosindiswa. Bacabanga ukuthi yibo bodwa oshumayela iVangeli."

42 UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Akusilo iZwi lami. YiZwi laKhe.

43 Futhi qaphelani, ngifuna niqaphele, masinya, uhlobo lomlayezo olwaluyilo. O, lokhu nje kuyayixhuxhumisa inhliziyo yami. Uma ngicabanga ngeSodoma neGomora, lase lonakele kakhulu, ngesimilo, kwaze kwathi impendukezelo yaba sezindaweni zonke.

44 Kodwa ngaphambi nje kokugcina, imbubhiso enkulu, uNkulunkulu wathumela umprofethi ezansi lapho. Futhi ngicabanga ngakho, futhi, Wathumela iNgelosi ezansi lapho, futhi ngifuna niqaphele uMlayezo weNgelosi. UAbrahama, owayethathe indlela yakhe nabayingcosana beNkosi abadelelekile, wabheka ngasogwadule lapho imihlabathi yayigagadekile.

45 NoLoti wehla wase eba yimeya yedolobha, futhi wayeyindoda edumile phakathi kwesono. Ngingaqoka ukungathandwa ngabantu kakhulu, futhi ngibe kahle noNkulunkulu. Kodwa uLoti wayethandwa kakhulu ngabantu, futhi uhlala emigwaqeni, esangweni ledolobha. Wayengumahluleli walokho okwakungangena nalokho okwakungeke kwangena. Futhi wayelapho, enikela impilo yakhe ekuhlobongeni, futhi azi ukuthi edolobheni lakhe izinto ezinjalo zazenzeka.

46 Uma leso kungesiso isithombe sanamhlanje, esizweni sakithi; izinhlelo ezingahluziwe, zonke izinhlobo zobuwula, ubudlova, amacebo! O, babengaqembuka kukho, uma babefuna, kodwa abafuni. Futhi ngeke bakwenza, ngoba uNkulunkulu wathi kuyoba ngalendlela. Ukuba kuphela babengavula amehlo abo futhi baqonde!

47 Futhi, qaphelani, ngaphambi nje kokuba kufike ihora elibucayi. UAbrahama noSara, abahlala phandle phansi kwesihlahla som-oki, ngoluny'usuku besephandle lapho, uSara wabona amaDoda athize eza. Wase esuka waya ngasethendeni.

48 Umehluko onje pho, kwabesifazane bangalolusuku, nokuthi kwakuyoba ngumehluko onjani ezansi eSodoma. Kufika isikhathi sokuba amadoda eze ekhaya, bonke bangena ezingutsheni zabo ezimfishane, bese bephuma besika utshani. Umehluko onje pho!

49 Kodwa uSara waya ethendeni. Futhi lapho enza, lamaDoda ayenyuka. NoAbrahama waWabuka. Ayebonakala sengathi angamaDoda abukeka exakile. Nenye yawo yayibonakala

kuyiyona-mkhulumeli, futhi lapho Ihlala phansi futhi Iqala ukukhuluma noAbrahama.

50 UAbrahama wathi, “Hlalani lapha, futhi ngizohamba ngilande amanzi amancane, futhi ngizogeza izinyawo Zenu. Futhi ngizoxova isinkwa esincane. Futhi sizolungela, futhi Ningadla inyama encane. Bese-ke seNingahamba.”

51 Futhi lapho egijimela emhlambini, wase ethola inkonyane ekhuluphalisiweyo, wase eyibulala. Watshela uSara ukuba axove isinkwa esincane nokuba enze amaqebelengwane.

52 Futhi wakhuluma kuyo iNdoda. Ngikholwa ukuthi, ngandlela-thize, uAbrahama wazi ukuthi lowo kwakunguBani. NeNdoda eyayiyisikhulumi, Yayifulathele ithende. YayiyisiThunywa salolosuku. Yayisithi, “Abrahama, Ngizokuvakashela ngokwesithembiso, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ngaphambili. Ngakwenzela isithembiso, futhi Ngizohlala naso.”

53 O, alibongwe iGama leNkosi! UNkulunkulu wenza isithembiso, “Ngezinsuku zokugcina, Uyothulula uMoya waKhe phezu kwayo yonke inyama,” futhi Uzohlala naso. UJesu wenza isithembiso, futhi wathi, “Izinto eNgizenzayo mina nani niyakuzenza,” futhi Uzohlala naso, ngokuba Ulungile.

54 Futhi uAbrahama waMbheka. Wayesethi, “Cishe nje ngalesisikhathi ngenyanga ezayo, ngokuphila,” lokho kwakunoSara, “Ngizokuvakashela, noSara uzozala ingane eNgayethembisayo.” Manje, uAbrahama wayeneminyaka eyikhulu ubudala, noSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye.

55 NoSara, emva kweNgelosi, engaphakathi ethendeni, wahamba . . . wahleka.

56 NeNgelosi, Ifulathele, yathi, “Uhlekeleni uSara na?” Leso kwakuyisiThunywa. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasikhombisa—Umhl.] O, niyazi ukuthi ngikhuluma ngani na? Kwakunhloboni yokufunda umqondo leyo, Efulathele ithende, futhi yena engaphakathi na? Futhi wamoyizela. Yayisithi, “Uhlekeleni na?” Yakwazi. Futhi lowo kwakunguMlayezo wokugcina ngaphambi kokuba iSodoma neGomora lishiswe. Mfowethu, uma uWuzwa, kulobubusuku, manje sekunguMlayezo wokugcina ngaphambi kokuba lelizwe lizoshiswa. Niyayibona imvelo yeNgelosi na? Kwakungubani leyoNgelosi na? KwakunguNkulunkulu.

57 Khumbulani, UAbrahama waMbiza nge, “Nkosi.” Nokuhunyushwa lapho kuthi “Elohim, omkhulu, uJehova onamandla.” KwakunguJesu Kristu ephinde wazalwa emzimbeni.

58 Omunye wathi, “Uqonde ukusho ukuthi lokho kwakuyikho na? Wawuthola kanjani lowomzimba na?”

59 Ngani, Wavele nje wabiza lezoziNgelosi ezimbili. Wase ephefumulela umphefumulo omncane, *kanjalo*, nezakhamzimba ama-atomu nekhalsiyamu nepotash kuyahlangana, noGabriel wangena kowodwa, nenye iNgelosi yangena komunye. Wase Ezenzela owodwa waKhe.

60 Malibongwe iGama laKhe elingcwele! Ngijabula kakhulu, kulobubusuku, ukwazi ukuthi lowoNkulunkulu uSomandla, Owakwazi ukuzenzela Yena uqobo umzimba ukuba ahlale kuwo, ithemba lami likuYe, ukuthi suku-lumbe Uyophakamisa lo, njengoba Ethembisa ukwenza.

61 Futhi Uphakathi kwethu, ngokwenza into efanayo impela naleyo Ayenze lapho. O, alidunyiswe iGama laKhe elikhazimulayo; esinika isexwayiso, ekhuluma kithi, esitshela ukuba silungiselele. Kusobala, Wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. Nokho, niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba kini, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Ihora elinje pho esiphila kulo!

62 Qaphelani, iNgelosi eyaletha umlilo, kwakuyiLeyo Eyenza lesosimangaliso. Futhi sonke siyazi ukuthi izwe lizobhujiswa, ngesikhathi esilandelayo, ngomlilo. NeNgelosi eyathunyelwa eSodoma naseGomora. . .Bukani ukuthi uJesu wathini. O, kuxhuxhumisa umphefumulo wami nje ukufika kulokho. "Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasikhombisa—Umhl.] Yenzani leyoNgelosi na? Yayinomoya wokubona okufihlakele. Wayesethi, "Njengokuba kwenzeka ngalesosikhathi, kuyakuba njalo lapho iNdodana yomuntu seyembulwa ngokuvela eZulwini." Niyakubona na? Cabangani nje, lokho, phakathi kwethu kumi leyoNgelosi kaNkulunkulu efanayo, engekho enye ngaphandle kokuthi yiNkosi uJesu Kristu, esimweni sikaMoya oNgcwele. Uphakathi kwethu, "Ngalolosuku." Futhi WayenguNkulunkulu, nalowo kwakunguMlayezo waKhe ngaphambi nje kokuba kufike imbubhiso.

63 Manje sizoqaphela ukuthi kwakunguMlayezo wokukhululwa. Wehla futhi wazama ukukhulula abantu, futhi bala ukuMuzwa.

64 Futhi, namhlanje, yinto efanayo esizweni sakithi, phakathi kwabantu bakithi. Ngike ngaba nalo ithuba lokubona iNkosi yethu UJesu, emihlanganweni, enza izibonakaliso nezimanga nezinto ezinkulu. Nabantu empeleni bayoma emsamo futhi bazi, ngale kwethunzi lokungabaza, ukuthi o o—omkhulu, ongafiyo, uNkulunkulu ongenasiphelo ukhona futhi wenza uhlobo olufanayo lwesimangaliso; futhi bayoma lapho futhi bahlafuna ushungama, futhi basuke bahambe emsamo, abanakile. Abanandaba.

65 Kubukeka kimi, sengathi, uma umuntu wayenanoma yiluphi uhlobo lokomoya ngaye, noma uMoya kaNkulunkulu kuye, futhi uma ebone iNkosi uJesu yenza khona impela lokho Eyayithe Yayizokwenza, kwakuyixhuxhumisa inhliziyo yakhe kakhulu ngangokuthi, ukuthi wayengabe esakwazi ukuzibamba. Wayesokhela ngomlilo isizwe ngoMlayezo. "Njengokuba kwenzeka ngaleyomihla," Wathi, "kuyakuba njalo."

66 Lowomlayezo waphuma, futhi bavele bawuhleka nje futhi bawubhuqa, njengokungathi umuntu owayexoxa ngenganekwane eyize. Kodwa wawuyisihawu, futhi wawungowomusa, futhi wawungowokukhululwa. O, he!

67 NeNgelosi yathi, ngalokho kusa, kuLoti, emva kokuba Isinikeze umlayezo; Yathi, "Shesha, ubalekele khona, ngokuba Ngingenze lutho ungakafiki khona." Ngifuna niqaphele lokhu manje, ngoba sizonqamulela lapha, ngenxa yomugqa womkhuleko. Nike naqaphela ukuthi iNgelosi yathini na? "Ngingenze lutho ungakafiki khona." Kwakuyini na? Kwakungumlayezo wokukhululwa. Futhi ngaphambi kokuba kwehle nowodwa umlilo omncinyane uvela uZulwini, uLoti wayefanele aphume eSodoma.

68 Futhi ngaphambi kokuba ithonsi elilodwa lemvula lehle livela eZulwini, uNowa wahamba wangena emkhunjini.

69 Futhi ngaphambi kokuba ibhomu le atomu lishaye lesisizwe, iBandla liyohamba lingene ekuHlwithweni, ukuhlangabeza iNkosi uJesu. Futhi uma iziputniki nemicibisholo ejikijelwayo isethwa, nezando zidonswa, iziNgelosi zonke zimi ngomumo. Haleluya! Imihubhe emikhulu yaseZulwini iminyene igcwele. Amahabhu onke aselungiswe kahle. Amabhendi amakhulu asevele azejwayezile. Kukhona isikhathi sokuza eKhaya masinya nje, seBandla likaNkulunkulu ophilayo, elikade lilindele ukuFika kwaKhe. Yonke into imi ngokohlelo. Ngijabula kakhulu. Sengikhathele kabi. O, okwalelohora elikhulu!

70 Nokucabanga, ukuthi, besinesabelo kulesisikhathi somgamanxo! Khumbulani, "Kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho iNdodana yomuntu seyembulwa ivela eZulwini."

Manje, khumbulani, ngaphambi kokuba imvula yehle, uNowa wayesemkhunjini.

71 Ngaphambi kokuba kwehle umlilo, uLoti wayesephumile eSodoma. Ngokuba, iNgelosi yathi, "Ngingenze lutho ungakafiki khona. Nginesigwadlulo esandleni sami, ukudonsa futhi ngenze imililo yehle ivela eZulwini."

72 Futhi ngicabanga ukuthi kunjalo impela. INgelosi yembubhiso ibambe isandla seRashiya, namabhomu eatomu; lize iBandla lihlangane ndawonye, nowodwa omkhulu uMzimba kaKristu. "Ngingenze lutho uze ufike khona." O, uma leso kungesiso isiqiniseko esibusisiweyo!

73 Futhi uma sibona yonke into isimi ngokohlelo, ukuya eKhaya kweBandla kumi ngokohlelo. Nansi iNgelosi kaNkulunkulu noMlayezo ofanayo, yenza izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, yonke into ehlelwe ngokohlelo. Tabernakele likaBranham, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu eyedlule, cishe, ngakhuluma phezu kwalelipulpiti elifanayo futhi nganitshela ukuthi lezizinto ziyobe zenzeka, ngolunye lwalezizinsuku. Nansi! Sisesikhathini sokuphela. Umgamanxo ulapha. Sekusondele esikhathini sokuya eKhaya kweBandla.

74 Abagxeki, behlekisa, bebhuqa, behleka usulu, njengoba babenjalo neNkosi uNebukadinezari noBeltishezari. Wayenjalo nasemihleni kaNowa. Kwakunjalo nasemihleni kaLoti. Futhi benza okufanayo namhlanje.

"Ngingenze lutho uze ufike khona."

75 Ngifuna niqaphele, uLoti waphuma entweni eyayizombhubhisa, noNowa wangena entweni eyayizomsindisa. Nalowo ngumfanekiso weBandla. Siphuma ezweni, futhi sadeda kulonyaka kaElvis Presley noArther Godfrey esiphila kuwo. Siphuma ezweni bese singena kuKristu! Siphuma ezweni. "Bangabezwe, bazobhubha kanye nezwe." Labo abakuKristu bazoya eKhaya noKristu. "Ngokuba labo abalele kuKristu uNkulunkulu uyobaletha kanye naYe lapho Esefika." Siphuma ezweni, ukuba singene kuKristu ukuba siphephe. O!

76 "Kepha Ngingenze lutho uze ufike khona." Ngiyakuthanda lokho. "Shesha! Baleka!" Umlayezo wawuphuthuma. "Shesha! Shesha! Baleka!

77 Alibongwe iGama leNkosi! UJesu wethembisa ukuthi leliVangeli lalizoshunyayelwa. Kade liqhubeka manje iminyaka ngeminyaka. Futhi nanti esikhathini sokuphela, isibonakaliso esikhulu sokugcina. Ngaphambi nje kokuba iNgelosi impompoloze, "Shesha," Yaphenduka yase ithi, "Uhlekeleni uSara na?" INgelosi yembubhiso, Yathi, "Ngizwile ngezono zabo, futhi Ngehlile ukuba ngibone ukuthi ngabe bekuyiqiniso yini noma qha." Futhi yathola ukuthi kwakuyiqiniso. Nomlayezo wawungumusa, nesihawu, nokukhululwa. Kodwa, "Shesha! Shesha!"

78 O, bantwana, ningahlali niqhothile futhi nimangala. Sheshani! Sheshani! Masinya! Isikhathi sesiseduze. Gijimani (niyephi na?) niphume njengoba kwenza izinyoni ezincane, sukani kulezizindonga ezinkulu zesimodeni zaseBabiloni, lamahlelo amadala amakhulu elithi, "Awukho umehluko esikhathini." Lamabandla angakholwa amadala amakhulu elithi, "Ayikho into enjalo enjengokuphilisa kukaNkulunkulu. Akukho-zimangaliso." Sukani kulezozindonga, ngokuba zizobuthuka. Ziya phansi embubhisweni nasekwahlulweni, ngoba uNkulunkulu wami washo njalo.

79 Phumani nibalekele phakathi neKalvari ngaleya! Uma izinyoni zaya ezihlahleni, yanini esihlahleni, nani, lesosihlahla lapho uKristu abethelwa khona. Lapho nilenge phakathi nesihawu saKhe, bese nikhala kuNkulunkulu kuze kwedlule isiphepho.

80 Shesha! Baleka! "Ufike khona, ngokuba Ngingenze lutho uze uphume." Ulindele ngakuwe. Suka kulezizinto zesimodeni ezindala. Suka kuleyotelevishini lapho kuvela lezo uhlobo lwemidlalo. Thola . . . Vala lowomsakazo uma kuqala lowomculo wokuzibinya. Ziphathise okwenenekazi. Gqokisa okwenenekazi. Ziphathise okwendoda. Gqokisa okwendoda. Khuluma njengomKristu. Phila njengomKristu. Shisa onke amabriji. Shesha! Phumani! Imbubhiso isiseduze. UNkulunkulu usecikekile.

81 O, isikhathi sesedlule kunoma nicabanga. Ihora seliseduze. Isihawu seNgelosi, iNgelosi yesihawu Eyathumela uMlayezo waYo, ikhona lapha kulobubusuku. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngabe iBandla lizodingeka lihambe ngaphambi kwesikhathi seNhlupheko na? ["Amen."]

82 Bukani. UIsrayeli wahamba wayongena eGosheni; neGibhithe lahamba layongena ebumnyameni. IGibhithe langena eGosheni, wayiswa ezweni lesithembiso. IGibhithe lahamba layongena ebumnyameni, futhi lambelwa oLwandle oluFile.

83 Shesha! Shesha! Baleka! Lelo mhlawumbe lingaba yithuba lakho lokugcina. Futhi khumbulani, sibona imicibisholo ejikijelwayo ihleliwe. Siyayizwa siyawubona ephepheni. Lonke izwe liyathuthumela. Yonke into uNkulunkulu ayisho iyafezeka.

84 Manje-ke kuthiwani ngakho na? "Ngosuku iNdodana yomuntu Eyozembula ngalo eZulwini." Yini le iNdodana yomuntu, eyembulile na? UJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade. Bukani evesini 21, noma ivesi 30, yilo.

> *Kuyakuba-njalo* ngezinsuku *eyakwambulwa ngalo iNdodana yomuntu* eZulwini.

85 Kuyini na? Lo uMlayezo o . . . Lento ayikaze yenzeke selokhu uJesu aba semhlabeni. Futhi nansi, ekupheleni konyaka wabeZizwe. Ake siyibuke okomzuzwana nje, futhi sicabange kanzima.

86 Ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, Akazishingo ukuthi wayengumphilisi. Wathi, "AkusiMina engenza imisebenzi; nguBaba waMi. Kodwa Ngenza kuphela lokho uBaba aNgibonisa ukuthi ngikwenze." UJohane oNgcwele 5:19, Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kepha lokho Ebona uBaba ekwenza."

87 Uma niqaphela uFiliphu, ngenkathi eqala ukuphenduka. Qhabo. . . Kuqala Yaqala inkonzo yaYo, iNkosi uJesu, kwenzekani na?

88 Ake sibone ukuthi iNdodana yomuntu Izozembula kanjani. Uma Iyiyona izolo, namuhla, naphakade, Izofanele Izembule njengoba Yenzile izolo. Uma Yembula okufanayo, Izofanele yembule uMlayezo ofanayo. Ngokuthula du, futhi nibhekisise.

89 Ngenkathi uPetru efika kuYo emva kwenkonzo yaYo, uJohane oNgcwele 1. UPetru wenyukela kuYo. Wayengakabizwa ngoPetru ngaleyonkathi; wayebizwa ngeliny'igama. Futhi lapho enyukela kuYo, Yathi, "Wena unguSimoni, noyihlo nguJonase."

Lowomdobi omdala wacabanga, "Ingaze kanjani na?"

90 Kwase kuthi-ke uFiliphu, waseBethesda, futhi, uyahamba ujikeleza intaba, futhi ufumana umngane, uNatanayeli, phansi komuthi, ekhuleka. Wathi, "Woza, ubone ukuthi ubani esimfumene: uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

Bhekisisani manje ukuthi Wazembula kanjani Yena uqobo.

91 Wayesethi, "Manje kungabakhona okuhle okuvela eNazaretha na?"

92 Wathi, "Woza ubone." Leyo yimpendulo edlula zonke noma yimuphi umuntu angayinikeza. Ungakugxeki. Woza, zibonele wena. O, ukuba kuphela besingaba yilobo buqotho, namhlanje.

93 Nasendleleni yakhe ngokujika, uqala ukumyala. Ngani, wathi, "Petru, izolo, indoda. . . uKayafase, uyamazi umdobi omdala na?"

"Yebo."

94 "Wenyukela phambi kwaloMuntu, futhi Wamtshela ukuthi wayengubani nokuthi uyise wayengubani."

"A," wathi, "Nataniyeli, angazilutho ngalokho."

95 Futhi lapho enyukela lapho uJesu ayekhona, emgqeni lapho Ayekhulekela khona abagulayo, uJesu wamuthi njo ngamehlo, Wayesethi, "Bheka, umIsrayeli okungekho-inkohliso kuye."

96 Wayazi kanjani ukuthi WayengumIsrayeli na? AmaGreki nabo bonke, babegqoka ngokufanayo futhi babebukeka befana. Wayazi kanjani ukuthi wayengumIsrayeli na? WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Wenzani na? Wabuka Wayesembona.

Wathi, "Ungaze nini, Rabi na?"

97 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

98 Wathi, "Lokho kuyakuxazulula. UyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi kaIsrayeli."

99 UJesu wathi, "Ngoba Ngikutshele lokhu, usuyakholwa na?" Wathi, "Manje-ke ungabona izinto ezinkulu kunalokho."

100 Kodwa ilunga lebandla elingakholwayo lama ngakhona. O, nje bahlonipha impela nje futhi babeqine-nqi njengoba babengaba njalo. Impela. Babemi lapho nezimfundo eziningi, ulwazi lokuzibonela lwasekholiji lwesayense yezenkolo. Bathi, "Lomuntu ungumbhuli. UnguBelzabule."

101 UJesu wathi, "Nisho lokho kiMi, Ngizonithethelela. Kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile futhi enza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo akasoze athethelelwa, kulelizwe ngeke nasezweni elizayo."

102 Kwakukhona owesifazane omncane owayenomopho. Futhi uza wedlula esixukwini wayesethinta ingubo yaKhe, washo phakathi kwakhe, "Uma ngingathinta uMuntu, ngizophiliswa." WaMthinta. Wabaleka wasithela esixukwini, wayesehlala phansi, kumbe noma yikuphi akwenzayo.

NoJesu waphunduka, wathi, "Ubani oNgithintile na?"

103 UPetru waMkhuza. Wathi, "Bheka, sonke isixuku siyaKuthinta. Usholoni ukuthi 'Ubani oNgithintile na?'"

104 Wathi, "Kodwa Ngiphele amandla. Amandla, noma ukuqina, aphumile kiMi." Wayeseqalaza, ngalawomehlo, waze Wamthola. Wakwenza kanjani na? Lokho asikwazi. Kodwa Usenguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi Wazembula Yena uqobo esizweni samaJuda ngaleyondlela.

105 Ngenkathi efika kumaSamariya, owesifazane wayesemthonjeni, umSamariya wesifazane othandekayo.

106 Khumbulani, zintathu kuphela izizwe zabantu. Lelo, yiJuda, oweZizwe, nomSamariya; uHamu, uShemu, nabantu bakaJafete. NomSamariya wayeyiJuda ingxenye noweZizwe ingxenye. Futhi niyakhumbula ngenkathi kuqala, ngenkathi beganwa abesifazane babo, kanjalonjalo.

107 Nalona wesifazane osemncane ukhuphukela lapho, esikholwa wukuthi ezweni lakithi wayengowesifazane onegama elibi, kodwa wayengenjalo. Lomfana waseNdiya ubenganitshela lokho. Lena yiNcwadi yasempumalanga, futhi nizama ukuyifunda ngemfundo yasentshonalanga.

108 Ngenkathi ngiya eNdiya, ngase ngehla e—ebhanoyini, eBombay, lapho kwakukhona umbhishobhi webandla lamaMethodisti, nabo bonke, emi lapho. Wathi, "Ungasitsheli ukuthi uyisithunywa senkolo, Mnu. Branham. Sazi kakhulu ngeBhayibheli kunoma nina maMelika niyoke nize nazi." Futhi yiqiniso lelo. Wathi, "SasineBhayibheli iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ngaphambi kokuba nibe yisizwe." Kunjalo. Ibandla likaThomas oNgcwele lisekhona lapho, lapho uThomas oNgcwele ehla khona wayeseshumayela. "Kodwa," wathi, "siyaqonda ukuthi uNkulunkulu ukuvakashele, ukwenza leliBhayibheli liphile futhi." Wathi, "Yilokho esifuna ukukwazi." Yilokho-ke. Izwe lilambele isinkwa esiphilayo.

109 Lona wesifazane ongumSamariya, lapho ema emthonjeni, uJesu wathi kuye, "Sifazane, Ngiphuzise."

110 Awu, wathi babenokwehlukana. Kodwa Wamazisa ukuthi wawungekho umehluko. UNkulunkulu wenza, ngagazi-linye, bonke abantu.

111 Wayesethi, "Ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, nga ucele kiMi amanzi."

112 Nengxoxo yaqhubeka Waze wawubamba umoya wakhe. Wayesethola-ke ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha."

113 Kwenzekani lapho iJuda litshelwa lokho na? IJuda lathi, "UyiNdodana kaNkulunkulu." Kunjalo.

114 Kwenzekani kumSamariya ngenkathi etshelwa lokho, wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha"?

115 Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, siyazi ukuthi nxa uMesiya, othiwa uKristu, nxa Efika, Uyositshela lezizinto. Kepha Wena ungubani na?"

Wathi, "NgiNguye okhuluma nawe."

116 Wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye uMesiya lona na?"

117 Futhi Akazange akwenze lokho, nakanye, koweZizwe. Ngani na? Wakuyeka kwaze kwaba yilolusuku. Yilokho Akusho lapha, "Emihleni lapho iNdodana yomuntu iyozembula Yona uqobo eZulwini." Iyazembula Yona uqobo manje, eBandleni, ngesihawu. Isikhathi esilandelayo Izembula Yona uqobo, kusembujisweni, kulabo owenqabe uMlayezo.

118 Nkulunkulu yiba nesihawu nga. . .kithi, sisakhuleka umzuzwana nje. *Kahle Nangomusa*, Dadewethu Gertie, uma uthanda.

119 Angazi nje, kulobubusuku, ngiyanidabukela ngokuma nizungeze udonga. Futhi ngiyakuzwa ukuba magange kwenu. Angazi nje, o, uma uzokwethembeka kuwe uqobo nakuNkulunkulu, umzuzwana nje.

120 Niyafuna ngempela ukushesha futhi niphume kulokhu na? Kukhona uMuntu ebukhoneni kulobubusuku, obizwa ngeNkosi uJesu. Yena Unethikithi lakho, nokufanele ukwenze kuphela ngukuba nje uMnike inhliziyo yakho. Uzoyigeza eGazini laKhe uQobo, bese ekuhlanza kuso sonke isono nokungabaza, bese ekuthatha akuyise eZulwini laKhe uma Esefika.

121 Futhi kungafika ngaphambi kwasekuseni, iziputniki. Akukho neyodwa into isayense ethi. . .Ngiyakuzwa, nsuku zonke, emsakazweni, uma bekutelevishini, uma benengxoxiswano nalamasayense. Bathi, "Akukho-nto yokuvimba lelizwe ukuba lingaqhunyiswa noma ngamuphi

umzuzu." Kuthatha nje esimnandi isiphuzo seVodka, futhi bayodonsa isigwadlulo, futhi yilokho-ke.

122 Sheshani! UMlayezo uyaphuthuma. Sheshani! Balekani! Balekelani ukufa nokuphila! Phumani kukho. Phumani kuleliBhabhiloni lesimodeni. Sukani kulezizindonga. Awuyizwa into ethize idluthula enhliziyweni yakho na? Uma ungowomoya ngempela, futhi uNkulunkulu ukhuluma kuwe! Impela, uma Akhuluma kulezozinyoni ezincane, Angakhuluma kuwe.

123 Ungasiphakamisa isandla sakho kuYe na? Asinandawo ukubeka abantu bazungeze ialtare. Kodwa nje uma uzophakamisa isandla sakho, bese uthi, "Nkulunkulu, ngihawukele." UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. O, he! Kuyo yonke indlu. Angazi ukuthi zingaki izandla ezikhona. "Ngihawukele, O Nkulunkulu. Yisandla sami lesi. Ngifuna ukubaleka, Nkosi. Ngaphambi kwasekuseni, ngingahle ngizwe ukumemeza kakhulu, ngabuka phandle nezintingo zenkosikazi zizobe zintanta ezibhakabhakeni, iNdodana yomuntu izofika."

124 Usuku olwesabeka kanje pho, ukuthi ulahlekelwe yithuba lakho. Wama wazungeza ibandla lakho, awuzange na? "O," wena wathi, "umama wayesonta kuleli." Lokho kulungile, mfowethu. Lokho kulungile, dadewethu. Kodwa insindiso kamama ayisoze yakungenisa. Umama wayephila koluny'usuku, nawe uphila kolunye usuku.

125 Zwanini uMlayezo weNkosi, futhi zwanini isexwayiso sikaMoya. Wawunhloboni kaMoya, Lowo owakwazi ukubona okufihlakeleyo ukuthi uSara wayehleka kanjani ngaphakathi kwethende na? INgelosi yeNkosi.

126 Manje amakhanda enu ekhotheme, ngifuna ukunikhulekela ngamunye wenu.

127 Nenzeni ngenkathi niphakamisa izandla zenu na? Nithi, "Ngabe lokho kukhona obekukuchaza, Mfowethu Branham na?" Impela kukhona. Uma benikusho ngokuqinisile ngempela lokho, bekusho umehluko phakathi kokufa nokuPhila. UMlayezo uyaphuthuma. Ungesiphakamise isandla sakho ngqo manje na? "Ngihawukele, Nkulunkulu, mina."

128 Nkulunkulu busisa intombazane encane. Nkulunkulu busisa inenekazi. UNkulukulu akubusise; wena, mfanyana; wena, wena, nsizwa. Abantwana abancane ngakuwo onke lama altare izandla zabo ezincane ziphakeme. Awu, busisa izinhliziyo zabo ezincane!

Wena uthi, "Abakuqondile lokho." O, yebo, bakuqondile.

129 UJesu wathi, "Vumelani abantwana abancane beze kiMi, ningabanqabeli, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowaba njalo." Bangahle bangaphili ukuba baze bakhule. Kodwa,

bayoba khona. Abasoze...Bayobaleka, mhlawumbe, zonke izinto ezinkulu ebesifanele sedlule nazo.

130 "Nkulunkulu, hawukela!" Uma niphakamisa izandla zenu, kukhombisa ukuthi ikhona into ekini eyenze isinqumo. Umzimba wenu ubuzofa ukuba ibingekho into ebikini, ethe, "Phakamisani izandla zenu." Lowo bekunguMoya. Khona-ke niphakamisa izandla zenu. UNkulunkulu wakufakaza. UMoya wenze niphakamise izandla zenu.

131 UNkulunkulu anibusise, nani nonke bantwana abancane emuva lapho. Labo abancane, abantwana abangamakhaladi, futhi, ngalapho, uNkulunkulu akabusise inhliziyo yakho encane, s'thandwa. UNkulunkulu uyakuthanda. Impela.

132 Siphuma lapha, ngolunye lwalezizinsuku. Angazi ukuthi kuyoba nini, kodwa ku—kuyeza. Sheshani, masinya impela, ngenani embusweni! Nina nithi, "Awu, ngike ngakuzwa lokho ngaphambili." Ungahle ukuzwe kungokokugcina kuwe, futhi. Makube yilesisikhathi.

UNkulunkulu akubusise emuva lapho, nenekazi elincane.

133 Sukani kuyoyonke lento endala eyisimodeni, lezindonga ezindala. Zonke zizowa phansi. Wonke lomculo wokuzibinya nayo yonke lento izobhubha kanye nezwe. Ningabandakanywa nezwe. Phumani lapho. UNkulunkulu uzela iBandla laKhe. Ukhethe nina, yingakho Ekhuluma nani. UMlayezo uyaphuthuma. Wozani masinya!

134 Manje, sisakhuleka, yibani-qotho manje futhi nicele uNkulunkulu ukuba anihawukele.

135 Nkosi ebusisiweyo, kungahle kubekhona abantu lapha ongakaze akubone ukusebenza kwamandla kaNkulunkulu ngaphambili, kodwa into ethize phansi enhliziyweni yabo ithe, "Phakamisa isandla sakho. YiMi." Futhi bayabona ukuthi kukhona ukubizwa okuphuthumayo. Bona, bahlakaniphe ngokwenele ukuba baqalaze nokuba babone ukuthi kukhona into ezokwenzeka.

136 Abantwana abancane, abaningi babo baphakamisa izandla zabo. Nkulunkulu, bahawukele. Abaningi abadala nabaphakathi nendawo ubudala, baphakamisa izandla zabo. Amabhungu namatshitshi aphakamisa izandla zawo. Bafuna isiwahu, Nkulunkulu. Futhi ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi isambulo sokuqala sikaKristu siyisihawu; isambulo sesibili singukwahlulelwa. O Nkulunkulu, ngiyaKubonga ngalaba abathathe isihawu kulobubusuku, umgwaqo wesihawu. "Babusisiwe abanesihawu, ngokuba bayakuhawukelwa. Babusisiwe abalamba bomele ukulunga; bayakusuthiswa."

137 Khanyisa amalambu abo, kulobubusuku, Nkosi. Kwangathi bangaba ngamakhandlela elibekwe egqumeni, elingesithwe, kodwa linikeze ukukhanya ezikoleni nezindawo lapho

abayoxhumana khona, emva kwalokhu. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi bangaba ngamalambu eliyokhanyela inkazimulo kaNkulunkulu. Babusise.

138 Futhi koluny'usuku, ezweni elingcono, Nkosi, kwangathi sonke singahlangana sizungeze lelotafula elikhulu likaNkulunkulu, kulesoSidlo sakusihlwa soMshado. Gcina uMoya waKho uphezu kwethu, Nkosi. Busisa labo abemi bezungeze izindonga, naphandle egqumeni nasemacaleni onke, abaphakamise izandla zabo, kanjalonjalo. Yiba nabo, Nkosi. Bamile, nezitho ziba nenkwantshu, kulobubusuku. Kodwa, hawukela. Siphe lezizinto.

139 Bayizithelo zaloMlayezo omncane obuphuthunywa kulobubusuku. Ngikhulekela ukuthi izingelosi zikaNkulunkulu zizokwenza kube yikho ngempela ezinhliziyweni zabo, ukuthi ngeke—ngeke bagejwe nayikuphi kwaWo. Futhi bayizithelo, futhi ngibethula kuWe. Futhi Wena ubanike uJesu, ngoba bayizipho zaKho zothando kuYe. "Akekho ongabahlwitha esandleni, ngoba akekho omkhulu kunoNkulunkulu." Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobagcina bephephe ngokulondolozekile uJesu aze afikele bona.

140 Kwangathi bonke abanye babo bangasheshisa, Nkosi, futhi basheshe, ngokuba uMlayezo uyaphuthuma. Sifanele siphume ngokushesha ngaphambi kokuba kufike imbubhiso. Futhi manje, Nkosi Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzothumela iNgelosi yakho, Yona leyo ehlezi noAbrahama. Siphe khona, Nkosi. Futhi eyayikwazi ukusho ukuthi uSara wayenzani, ngemuva ethendeni. Naleyo kwakuyiNgelosi yesiVumelwano. Leyo kwakuyiNgelosi eyaletha isihawu ngaphambi kokuba kwehle umlilo. Cishe impela noma ngasiphi isikhathi, umlilo ungehla manje, ama atomu angaqhekeza umhlaba wonke ube kabili. Kwangathi Ingeza kulobubusuku futhi isiphe isihawu, Nkosi, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

141 O, kukhona into ethize ngeVangeli elidala elibusisiweyo, Libonakala linikorobha. NgiyaLithanda.

142 Ake silicule nje lelo kanye, "Kahle nangomusa uJesu uyabiza." Wonk'umuntu, asiphakamisele izandla zethu nje kuYe. Nizokwenza na?

> Kahle nangomusa uJesu uyabiza,
> Ubiza wena nami,
> Nakuba sonile, Unesihawu nokuxolela,
> Uxolela wena nami.
>
> Woz'ekhaya, woz'ekhaya, (Nje zivalele noKristu manje.)
> Wena okhatheleyo, woz'ekhaya;
> Ngobuqotho, ngomusa, uJesu uyabiza,
> Uyabiza, O soni, woz'ekhaya!

143 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...ngakaze abekhona nakowodwa wezinkonzo zethu zokuphiliswa ngaphambili, asibone izandla zenu. Anikaze nibekhona ezinkonzweni? Lokho kuhle. Ngiyajabula kakhulu ukuba nani.

144 Manje, angizisho ukuthi ngingumphilisi. Ngisho ukuthi uJesu akafile, kodwa Uyaphila. Angisuye umphilisi. Akukho-baphilisi. UKristu usevele uniphilisile. "Ngemivimbo yaKhe niphilisiwe nina."

145 Kodwa ngifuna ukunibuza nina abasha ukufika. Manje, mhlawumbe niya esontweni. Abaningi benu niphakamise isandla senu ngayo leyonkathi nje, ubuphakamisa isandla sakho wenzela umkhuleko, esikhashaneni esedlule. Uma ungenalo ibandla lokuzikhethela, siyakwemukela eTabernakele likaBranham lapha, lapho uMfowethu Orman Neville othandekayo, indoda emesabayo uNkulunkulu engashumayeli lutho ngaphandle kweqiniso, eliseBhayibhelini. Nemukelekile enhlanganyelweni yethu. Nje si...Hhayi ihlelo. Siyibandla nje lapha, inhlanganyelo. SiyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, iLuthela, siyiwo onke. SingamaKristu anithandayo. Futhi sikhulekela ukuthi nizothola nina... Uma ningenakuza lapha, tholani elihle ibandla lasekhaya, ndawondawo, lapho abashumayela khona iVangeli ngempela, futhi ukuze nondliwe nguMoya kaNkulunkulu.

146 Macala onke, endlini, kulobubusuku...Uma iNkosi uJesu ivukile kwabafileyo, futhi nginitshelile iQiniso, manje-ke uNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe, ukukwenza kube njalo. Niyabo?

147 O, ningesabi ukuLethemba. Lokho kuya ngokuthi yiBhayibheli, EliyiQiniso, noma Alisilo iQiniso. Uma Lingesilo iQiniso, Lingumkhohlisi omkhulu kunabo bonke owake wabhalwa, ngoba Linezigidi ezikhohlisiwe. Ngike ngama, izikhathi eziningi, neKoran kwesinye isandla neBhayibheli kwesinye, phambi kwabakaMohamede, bese ngithi, "Elinye liqinisile elinye aliqinisile. Makuthi uNkulunkulu, onguNkulunkulu ngempela, akhulume." Ningesabi. Akasoze ashiya. Akasoze ayeka.

148 Manje, iNkosi uJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, imisebenzi Ayenzayo, esisanda kuyicaphuna nje, Wethembisa ukuthi Uyobuya futhi ngaphambi kwesikhathi sokuphela futhi enze into efanayo. Wathi Uyokwenza ngeBandla laKhe. Manje, Wathi, "Mina nginguMvini, nina ningamagatsha." Manje, uMvini awutheli isithelo. AmaGatsha athela isithelo.

149 Manje, uma kungumvini wamathanga, uyothela amathanga. Uma kungumvini wamabhece, uyothela amabhece. Uma kungumvini wamacantelope, uyothela amacantelope. Uma kungumvini wamagrebhisi, uyothela amagrebhisi.

150 Uma kungumvini wamaKristu, uyothela uKristu, ukuPhila kukaKristu, imisebenzi kaKristu. Niyabo? Manje-ke, imimoya yethu ufanele unikwe amandla yinto ethize.

151 Ngijabula kakhulu ukuba ngibe kuYe, kulobubusuku. Anazi, mhlambi omncane, ukuthi kungenza ngizizwe kanjani, ngazi lapha, sengineminyaka engamashumi amane-nesishiyagalombili, indoda endala. Futhi sengishumayele manje iminyaka engamashumi amabili-nesikhombisa. Amahlombe ami ayaqhotha. Futhi, o, ngiyaqonda ukuthi angisuye lowomfana omncane owayevame ukudlala izimabula phandle lapha emgwaqeni. Kodwa yinye into engiyaziyo, ngiyinceku yaKhe. Ngiqoka ukuba nalokho kunakho konke engikwaziyo. Ngokuba yini enhle noma yini enye engakwenza na?

152 Ngizamile ukwethembeka kini bantu. Ngizamile ukwenza konke ebengingakwenza ukuba ngethembeke futhi ngilunge futhi ngibe neqiniso, ebukhoneni benu nasebukhoneni bukaNkulunkulu, ngoba ngiyazi Usiqaphele ngesikhathi sonke. Manje, uma benginga . . .

153 Ngizonitshela manje. LoMlayezo omncane kulobubusuku, ngizame ukuyeka kusenesikhathi, kodwa ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzowuthatha wonke awuyise enhliziyweni yakho. Sheshani! Sheshani! Sheshani! Phumani eBabiloni, nje ngokukhulu ukushesha eningakwenza. Ningahlali ezweni. Sukani kulowombhedo. Phumani! Phumani lapha, nikhululekile, noKristu. Sukani kulezozinto. Ngokuba anazi ukuthi yiliphi ihora okungahle kungabikho lutho kuphela into esiqothekile esele kulomhlaba, amagesi nje, nezwe elidala liqhunyiswe laba yizicucu. Kungenzeka ngaphambi kokuba kuvalwe lenkonzo, futhi bekungeke nhlobo kwayiphikisa imiBhalo. Bekungagcwalisa imiBhalo nje. IVangeli belishunyayelwa. Nakhu kufika uMlayezo wokugcina.

154 Manje, ningabheki izinto ezinkulu esikhathini esizayo. IMelika seyonile yasuka osukwini lwayo lomusa. Kunjalo impela. Kumakeni emaBhayibhelini enu bese nithola ukuthi ngiqinisile noma nginephutha. Ibisezingeni eliphansi manje iminyaka emibili.

155 UBilly Graham washo, ekudleni kwakhe kwasekuseni esikhathini esingeside esedlule. Wabamba iBhayibheli waliphakamisa, Wathi, "*Nanti* ibhanela. UPawulu waya edolobheni futhi waba nophendukileyo, uyabuya ngonyaka olandelayo futhi kwakukhona amashumi amathathu." Wathi, "Ngiya edolobheni futhi ngibe nemvuselelo, yabaphendukayo abayizinkulungwane ezingamashumi amabili, bese ngibuya ezinyangeni eziyisithupha futhi angiwatholi amashumi amabili mhlawumbe."

156 Yini indaba na? Ziningi kakhulu nje izinhlanzi esizibeni. Baningi kakhulu nje uNkulunkulu ayebazi ngaphambi

kokusekelwa kwezwe, futhi bamiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade. Uma sekungena lowo wokugcina, lokho kuyakuxazulula.

157 Zaziningi kakhulu nje izinyoni ezayongena emkhunjini, ziningi kakhulu nje izilwane ezehlukene ezayongena kulowomkhumbi. Nomnyango wavalwa, nguNkulunkulu, futhi washiya bonke ababesele babo ngaphandle, nakuba bazama ukungena.

158 Futhi mngane wami othandekayo, uma ungekho phakathi, ngena khona manje, uNkulunkulu esabiza, ngoba iminyango yesihawu ingahle ivalwe, kwabeZizwe, noma ngasiphi isikhathi. Manje, futhi manje engikwenzayo, manje, kuzoba ne. . . Engikukhulumayo manje . . .

159 Ngikhulumile, namazwi ami, uma ngishumayele amahora, bekungeke kusho nohhafu kakhulu njengezwi elilodwa kuKristu wethu othandekayo. Manje, kodwa engikushumayelile, kuphakathi kokuthi ngikhulume iQiniso noma amanga. Uma ngikhulume amanga, uNkulunkulu ngeke azihlanganise ngalutho nakho. Uma ngikhulume iQiniso, uNkulunkulu uzoma emva kweZwi laKhe.

Nibangaki enishoyo na? Kukhishwa amakhadi angamashumi amahlanu?

160 Ngizonikhombisa ukuthi kungani sikhipha amakhadi, uma ninomhlangano wokubona okufihlakeleyo. Angisho ukuthi Uzokwenza. Angahle angakwenzi. Kodwa ngifuna nethembeke kimi. Bangaki phakathi lapha abazothanda ukuza bangene emgqeni manje na? Phakamisani izandla zenu, yonke indlu, noma yikuphi lapho enikhona. Wonke umuntu endlini ofuna ukuza angene emgqeni, phakamisani izandla zenu. Manje kungaba kanjani ukuthi . . . Ubani ozoba ngowokuqala na? Niyabo? Ubungeke ukwenze. Sifanele sikhiphe amakhadi, ukuze kugcineke u—umugqa.

161 Manje, ukhiphe amakhadi angamashumi amahlanu. Futhi asibize nje yonke indawo, ngalesosixheke samakhadi, futhi lokho kunika wonke umuntu ithuba lokuqhubeka.

162 Manje, akusikho lokho okwenzeka *lapha*. Kuyilokho okwenzeka *lapha*. Niyabo? Akusikho ukuthi, thinta mina. Kungukuthi, thinta Yena. Bangaki owaziyo ukuthi iTestamente eLisha, iNcwadi yamaHeberu, ikushilo lokho khona manje, ukuthi, "UKristu ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na?" [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, ubuyokwazi kanjani ukuthi uMthintile na? Ngokuthi, Uyaphendula ngqo, njengoba Enza. Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ufanele Azibonakalise ngokufanayo nje njengoba Enzile izolo naphakade. Ngakho, niyabo umlayezo wokugcina emaJudeni nabo, Wakwenza kanjani na? Manje lena yi la- . . .

163 Uma Ezibonakalisa ngenye indlela, ngehlelo, Ubeyoba ngongalungile. Akakaze Azibonakalise ehlelweni, ngoba kwakungekho-hlelo emihleni yaKhe. Wazibonakalisa yena uQobo ngokungaphezu kwemvelo, njengoba sishilo kulokhu ukusa, njengesandla esilobe odongeni, ukuhumusha. Unguye izolo, namuhla, naphakade. UNkulunkulu abe nani manje.

164 Uthe, "Owokuqala kuya emashumini amahlanu." Kulungile. Ubani onekhadi lokukhulekelwa eliyinombolo yokuqala, ungasiphakamisa nje isandla sakho. Bukani amakhadi enu. Umuntu osezinhlakeni zemibhede, kumbe noma yikuphi, futhi ongakwazi ukusukuma, wonke umuntu bukanani ikhadi ngalinye. Kuyikhadi elincane nje. Angicabangi ukuthi anesithombe sami kuwo, ngisho. Kuyikhadi elincane elipleyini nje. Inombolo yokuqala, noma ngabe ukuphi. [Omunye uthi, "Khona lapha."—Umhl.] Kulungile. Ungahle usukume nje lapho okhona, mnumzane. Inombolo yesibili, ungasiphakamisa isandla sakho. Inenekazi khona *lapha*. Inombolo yesithathu, ungasiphakamisa isandla sakho. [Akuqoshwanga eteyipini.]

165 Siyizihambi. Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuba sibonane-ke, empilweni, ngiyethemba. Manje-ke, iNkosi uNkulunkulu isazi sobabili. Yazi konke ngawe, futhi Yazi konke ngami. Kodwa uma Yona, emseni waYo, engakwazi uku . . .

166 Uma bengingathi kuwe, "O, mnumzane, uyagula. Futhi ngi . . . Uzophila." Ubuzoba nelungelo lokukungabaza lokho. Lezozethameli bezizoba nelungelo lokuthikamezeka, kulokho. Impela. Unezwi lami kuphela.

167 Kodwa uma uMoya oNgcwele uzoza futhi ungitshele into ayenzile, into engingazi lutho ngayo, ebikhona, uzokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma akusilo.

168 Manje-ke uma Azi ukuthi kwakuyini, impela, uma lokho kuqinisile, Angakutshela ukuthi kuyoba yini, futhi kuyolunga.

169 Ufanele ukukholwe lokho, Nkk. Cox, awufanele na? UNkk Cox ohlezi laphaya, kwenzekile ngamqaphela lapha, uvela eKentucky, ngapha. Lowo nguNkk Wood's . . . lapha ndawondawo ebandleni, unina. Umdlavuza usudle ubuso bakhe wabuqeda, phakathi *lapha*.

170 Bengiza ngehla ngivela phezulu ehlathini lasenyakatho. Umkami wangibiza, wathi, "Angikaze ngimbone umuntu omadabudabu kangaka empilweni yami, njengo—njengoNkk. Woods." Futhi uMnu. noNkk. Woods bangabangane bami besifuba. Futhi ngawelela enenekazini, ngabuya no ISHO KANJE INKOSI. Umdlavuza wafa.

171 Lapho, owesifazane ehlezi lapho, futhi kul'khuni ukusho ukuthi yini . . . Ungasukuma nje, Nkk. Cox, ukuze abantu babone. Lonke uhlangothi lwekhala lakhe nakho konke, ludliwa ngumdlavuza lwaze lwayofika phansi, lwayothi

lwangena emehlweni akhe. Phenduka ukuze izethameli zikwazi ukukubona emuva lapho. Umdlavuza.

Uhlala njalo eqinisile. Akakaze abe nephutha.

172 Manje, uma iNkosi uNkulunkulu wethu ezokwembula kulomfowethu, makabe nguye umehluleli, uma iNkosi uNkulunkulu wethu ezokwembula kuye ukuthi yini ayizele lapha. Noma, into enjengaleyo Ayenza ngowesifazane e. . . Noma, njengoba Ubengasho njengoba Enza kuFiliphu, ngenkathi uNatanayeli eMfumana. . . noma uNathan-. . . uFilipu wafumana uNatanayeli. Futhi ezokwembula; nonke nizokukholwa, nonke ninabantu niyakholwa na? Uma—uma indoda yazi angazi lutho ngayo; futhi ngiphakamise izandla, Angazi lutho ngayo. Iphakamisa izandla zayo, ukuthi angiyazi, noma ayingazi. Manje-ke uma iNkosi izokwembula nonke nizokwemukela, nizokwemukela na? Bangaki na? Phakamisani izandla zenu, ukuze nje ngikwazi ukubona. Manje, iNkosi inibusise.

173 Manje, mnumzane, ngimi lapha nje, ngilinde ukubona ukuthi Uzongitshelani, ngakho wena yiba ngumehluleli. Futhi uma noma ubani engabuka, indoda ivale amehlo ayo, ngakho niyabo kungeke kwaba ngukufunda umcabango. Yiba ulokhu uwavalile nje amehlo akho. Uma iNkosi yethu uJesu . . . Uma izokwembula, sizoYibonga.

174 Kodwa indoda emi phambi kwami, eze ngakho lapha, kuqondene nendaba yokomoya eyifunela umkhuleko. Yiqiniso lelo. [Indoda ithi, "Kunjalo."—Umhl.] Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze abantu bakwazi ukubona. Manje uyakholwa na? Angikaze ngiyibone empilweni yami, kodwa kwakulapha. Kukhona into ekhathaza ingqondo yayo. Manje, okuningi ebengingakukhuluma nayo, kuningi obekungashiwo. Manje thobani.

175 Yenzani leyoNgelosi na? Yayifulathele ithende, futhi Yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

Wathi, "Angizange ngihleke."

Yathi, "O, yebo, uhlekile." Isizathu, wayesaba.

176 Manje uma izethameli zisakwazi ukulizwa iphimbo lami, emibhobheni. Indoda ibonakala sengathi iyasuka kimi. Ngibona owesifazane emi. Leyo yinto enkulu indoda eze ngayo lapha. Kungokomkayo, futhi akekho lapha nayo. Futhi unokugula kwabesifazane, ukugula kwamanenekazi, futhi uguliswa yiqolo. Yiqiniso lelo.

177 Awusuye owakulelidolobha. [Indoda ithi, "Kunjalo."—Umhl.] Ungowakwelinye idolobha, lelo libizwa ngeMarysville. ["Kunjalo."] Lokho kuqinisile. Manje hamba uye ekhaya futhi ukufumane kungendlela okukholwe ngayo. Kuzoba ngaleyondlela, eGameni leNkosi. UNkulunkulu akubusise.

Leloduku, awuzukulidinga ukuba lihambe libe phezu kwakhe; unalo lisephaketheni lakho wenzela yena, kodwa awuzukulidinga.

178 Ngiyakwazi. Angilazi igama lakho. Kodwa ungowesifazane obemi lapho emnyango ongemuva, ngoluny'usuku, leyoNgelosi yeNkosi iza kimi, ngezikhathi zakho zokuqala lapha etabernakele, futhi yembula into eyayiyimfihlo ephelele. Futhi waphiliswa, unomdlavuza. Kunjalo. [Owesifazane uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Kodwa anginalwazi lokuthi kwenzenjani kuwe manje. Angazi. Niyakwazi lokho. Anginalwazi lokuthi kwenzenjani kuwe. Kodwa, uma iNkosi izokwembula, uzokwemukela na? ["Yebo."] Ngi . . .

179 Awuzizele lapha ngesingawe. Ulapha ngenxa yomntwana. Nalowomntwana uyahlupheka. [Owesifazane uthi, "Yebo."—Umhl.] Nokuhluphayo kusemgogodleni. ["Yebo."] Njengokuthi, awukwazi ukusukuma, noma into efana naleyo. Futhi ngibona abazali balowomntwana, benerosari. BayiKatolika. ["Yebo."] Nezithandani ezimbili esezindala, kungukuthi, abazali babo abangumkhulu nogogo bayiKatolika, nabo. ["Yebo."] Futhi umele umntwana. Thatha iduku lakho bese ulibeka phezu kwayo. Ungangabazi, ungaba nakho okucelayo. Manje kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

180 Ngiyethemba lelinenekazi liyisihambi kimi. Siyizihambi komunye nomunye, kodwa iNkosi uJesu iyasazi sobabili. Manje nasi isithombe esiphelele. Nasi isithombe sikaJohane oNgcwele 4. Owesifazane oyikhaladi, indoda engumlungu; ngalolosuku, kwakungumSamariya, neJuda, izinhlanga ezimbili zabantu. UJesu wamazisa, masinya, ukuthi wawungekho umehluko. Sonke siyizidalwa zikaNkulunkulu. Izwe esiphila kulo, lishintsha ibala lethu, akuhlangene nakho. UNkulunkulu wayefuna abantu baKhe ngaleyondlela. Wenza umuntu waba mhlophe, wamnyama, waba nsundu, waba phuzi, waba bomvu. Wabenza ngaleyondlela. Lowo ngumsebenzi waKhe. Futhi Usithanda sonke. Kodwa nasi isithombe esiphelele, abantu ababili abangakaze babonane phambilini, futhi kuyisikhathi sethu sokuqala, izinhlanga ezimbili ezehlukene.

181 Manje, ngiyabona ukuthi uyikholwa. UngumKristu, ngoba umoya wakho uyemukeleka. NaleyoNgelosi kaNkulunkulu enkulu ibingeke yemukele lutho olungalungile. Impela qha. Uyasibona lesiyasithombe phezulu lapho, leyoNgelosi kulesosithombe lapho, lokho kuKhanya phezulu ngaphezulu lapho engimi khona na? Yilokho okukwenza uzizwe ngendlela ozizwa ngayo manje. Kwehlela nje konke phezu kwakho.

Umzuzwana nje, Dadewethu Gertie.

182 Kubonakala kuyinto ethize, angikwazi ukulibamba inenekazi kahle nje. Yebo. Owesifazane uguliswa yisimo

semizwa. Uthola ukwethuka. Uwisa izinto. Kunjalo. Bese kuthike unenkinga yokomoya ozama ukuyixazulula, ngoba kade uyikhulekela isikhathi esithize. Yiqiniso lelo. Futhi unesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba. Ngiyakubona uzama ukuvuka embhedeni wakho, kancane, kakhulukazi ekuseni. Kukhona onakho okungalungile emgogodleni wakho, futhi, inkathazo yomgogodla. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

183 Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ofanayo owamazi uSimoni uzokwazi wena na? Uma uNkulunkulu ezokwembula lokho, ngabe kuzokwenza ube yikholwa eliqinile, ukuthi uyakuthola okutholayo na? Bakubiza ngo, "Nanny." [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Nesibongo sakho unguJohnson. ["Amen."] Futhi wakhe eNew Albany. Buyela ekhaya futhi usinde, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

Kholwani nje.

184 Ngabe siyizihambi omunye komunye, nenekazi na? Siyizo. Ukuze nje—ukuze nje abantu bezobona, ungasiphakamisa nje isandla sakho, ukuthi, "Siyizihambi. Nje . . ." Manje iNkosi uNkulunkulu isazi sobabili. Futhi uma Izosipha lesisicelo, uzojabula ngaso na?

Manje abanye benu useqale ukukholwa.

185 Manje, lapho lokhu kuyindoda yomlungu ebonakala phambi kwalona wesifazane lapha.

186 Yindoda ehlezi lapho. Une . . . Kulungile, hlala lapho okhona nje. Uhlushwa yizinso. Uphethwe yiqolo. Futhi uphethwe yisisu. Kunjalo. Manje hamba, ukholwa, futhi ngeke kusakuhlupha.

187 Kholwa nje. Ngiphosela inselelo ukukholwa kwakho ukuba ukukholwe. Bangaki okukholwayo ngenhliziyo yakho yonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, manje-ke buka uphile.

188 Uma iNkosi uNkulunkulu ezokwembula kulona wesifazane, oyisihambi ngokuphelele kimi. Futhi nazo izandla zethu ziphakeme, ukuthi asikaze sibonane ngaphambilini, ngokwazana. Futhi uma iNkosi uNkulunkulu wethu ezokwembula kulo wesifazane, futhi enze into efanayo Ayenzayo, njengowesifazane e . . . owesifazane waseSamariya. Nonke nizokholwa ngenhliziyo yenu yonke, ke na? Lokho kuzokuxazulula phakade, nani na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

189 Niyabo, nginomhlangano ozayo. Ngifanele ngihambe kusasa. Futhi ngifanele ngiye eVirginia, nomhlangano omkhulu ozayo. Angifuni ukuba buthakathaka kakhulu, simi lapha. Kulungile, ngizothatha isikhathi, umzuzwana nje, ngowesifazane. Futhi uyakholwa.

190 Noma ngabe owesifazane ungubani, unobumnyama obubukeka bumlandela. O, wu—wusizi. Usanda kuba nenkathazo nje. Ushonelwe ngumntwana, ingane. [Owesifazane uthi, "Yebo."—Umhl.] Kunjalo. Futhi eny'into, uhlushwa yisifo sabesifazane, inkathazo yamanenekazi, nokuphathwa yiqolo. Kanti futhi unohlobo oluthize lwento ethize eyenzeka kuwe, njengokuquleka. O, isithuthwane. Kunjalo. Awusuye owakulelidolobha, futhi. Uwele umfula, ukuba ufike lapha. UngowaseLouisville. ["Yebo."] Uhlala enombolweni, ethiwa, 1754 eMgwaqeni uWest Oak. [Owesifazane ukhala kakhulu, "Yebo, ngihlala khona."] Igama uMargaret Quinn. ["Yebo."] Kulungile.

191 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, yipha lo wesifazane lokho akufisayo, ngokuba ngicela lesisitha sisuke kuye, eGameni likaJesu. Amen.

192 UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ungabe usangabaza. Hamba wemukele manje lokho okucelile.

193 Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

194 Usaphila, mnumzane? Lokhu kungokokuqala ukuba sibonane, ngiyethemba. Uyakholwa ukuthi iNkosi uNkulunkulu wethu ikhona lapha ukuba yenze futhi ikunike izinto ozifisayo. [Indoda ithi, "Yebo, ngiyakholwa. Ngiyazi ukuthi Ilapha. NgiyaYibona."—Umhl.] Ngiyasazisa isibindi sakho. Futhi ulapha ngento esemthethweni. ["Kunjalo. Kunjalo."] Ufuna ukuyeka ukuphuza nokubhema. ["Yikho lokho."] Awu, sekuhambile kuwe manje. Hamba, nokuthula kukaNkulunkulu kube nawe futhi kukwenze ukholwe. UNkulunkulu abe nawe.

"Uma ukholwa, konke kungenzeka."

195 Uyafuna ukushiya leyonkathazo yeqolo na? Yehlela lapho, uMdumisa, futhi uzokushiya. Hamba nje, ukukholwa, ngayo yonke inhliziyo yakho.

196 "Uma ukholwa," kwasho iBhayibheli. Hlonipha. Kholwa ukuthi uNkulunkulu akwenzayo kuyiQiniso.

197 Ngiyakwazi. Ngizokukhulekela nje. Ngiyayazi inkathazo yakho.

198 Nkosi Nkulunkulu, yiba nesihawu kowesifazane bese umupha lesisicelo, ngokuba ngikucela eGameni likaJesu. Amen. Angikhumbuli . . . Ngabe igama lakho uwuBaker na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Kunjalo. ngi—ngiyakhumbula manje. UNkulunkulu akubusise. Qhubeka ngqo manje futhi uMkholwe ngenhliziyo yakho yonke. Kulungile.

199 Angikwazi, nenekazi. Siyizihambi. Kunjalo. Uyafuna ukudla ukudla kwakho kwakusihlwa, isuke leyonkathazo yesisu, lesosilonda obunaso ngaso sonke isikhathi na? Hamba, udle, ke, noJesu Kristu uyakuphilisa.

200 Ngiyakwazi. Futhi ngiyazi ukuthi yini inkathazo yakho. Awazi—awazi ukuthi ngiyakwazi, kodwa, ngi—ngiyakwazi. Ngakho njengalokhu uze lapha etabernakele, ngeke ngikusho. Kodwa izifo zokuqaqamba kwamalunga omzimba zizosuka kuwe uma nje uzokukholwa. Hamba uqhubeke. UNkulunkulu akubusise.

201 Asithi, "Akabongwe uNkulunkulu." [Ibandla lithi, "Akabongwe uNkulunkulu."—Umhl.]

202 Unokwethuka, futhi. Unenkathazo yesisu ekuhluphayo. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izokuphilisa na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Hamba-ke, nokuthula kukaNkulunkulu akuphumule kuwe. Ngifuna nje ukubeka izandla phezu kwakho, nokuthi ukholwe ngenhliziyo yakho yonke, ukuthi uNkulunkulu uzokwenza.

203 Ngiyisihambi kuwe, ngiyethemba, nenekazi. Uyangazi mina na? Uyeza la esontweni na? Uyeza. Angikaze ngikubone. Isizathu, baningi kakhulu abantu ozayo. Kulungile. Hamba, ukholwa, naleyonkathazo yabesifazane izokuyeka, inkathazo yamanenekazi obunayo. Uyakholwa na? [Inenekazi lithi, "Yebo."—Umhl.] Kulungile, hamba-ke, noNkulunkulu uzoba nawe futhi akusize, ngineqiniso,

204 Uyakholwa, mnumzane na? Uyakholwa ukuthi iNkosi izokususa lokho kuqhineka kuwe, futhi ikusindise, lesosifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba na? Hamba ubuyele emuva ngqo wedlule lapho, uMbonga futhi uMdumisa ngakho, khona-ke uzophila kahle.

205 Ubuhlushwa yinkathazo yokuguliswa yimizwa, awunjalo, nenekazi na? Lokho ngukugula kwemizwa yengqondo. Uphelelwa ngamandla kakhulu, uphethwe amalumbo, ikakhulukazi sekuntambama impela. Ngisho noSathane ukutshele ubuzolahlekelwa ngumqondo wakho. Kunjalo. Kodwa amanga. Uzosinda. Akulutho kuphela nje yisikhathi sokuphila ongena kuso. Kungukunqamuka ukuya esikhathini. Wonke owesifazane ufanele afike kulokho. Kodwa uzoba kahle manje. Uyalikholwa izwi lami na? Manje-ke hamba, bonga uNkulunkulu, bese ucula amaculo futhi uthokoze, futhi wenziwe ukuthi usinde.

206 Kulungile, nenekazi. Ngiyisihambi kuwe, futhi. Into exakile, ngenkathi ngisho lokho kuye, kusukile kuwe ngesikhathi esifanayo, ngoba yileyo impela inkathazo obunayo, ukuguliswa yimizwa. Manje hamba ngendlela yakho, futhi ukholwe ngenhliziyo yakho yonke, futhi uzosinda. Amen. Hamba futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

207 Ngiyakwazi, nenekazi. Ngiyabazi ubuso bakho, kodwa angi. . . Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Sengiyakwazi ukuthi ungubani manje. Uyinenekazi eliza lapha

etabernakele. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Ake ngikukhulekele nje.

208 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, sindisa owesifazane, ngiyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

209 Ungangabazi. Angisalikhumbuli igama lowesifazane, kodwa ngiyazi ukuthi ungubani . . .

210 Kanjani ngani bantu khona lapho ezethamelini na? Niyakholwa na? Manje hlalani nithule ngempela. Hloniphani ngempela. Kulendlela *lapha*, omuny'umuntu. Ngikuphosela inselelo ukukholwa kwenu, eGameni likaJesu Kristu, ukuba nikukholwe lokhu.

211 Inenekazi lekhaladi liphakamise izandla zalo, lapho. Uyakholwa, nenekazi, mina ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? [Owesifazane uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho, uzokwemukela na? ["Yebo, mnumzane."] Ufuna umkhuleko wakho uqobo naleyontombazane encane. Ngenxa yamehlo akho, uhlezi lapho. Kunjalo. Beka izandla zakho ngaphezulu phezu komntwana, bese ukholwa ngenhliziyo yakho yonke.

212 Nkosi Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi bazokwemukela, eGameni likaJesu. Amen.

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

213 Nanso iNgelosi yeNkosi imi ngakulomfo onekhanda elimnyama. Ngi—ngikholwa ukuthi uyaye eze esontweni lapha, nokho. Anginasiqiniseko. Mnumzane, uma ngikwazi, angazi ukuthi yini engalungile kuwe, ngaphandle uma uNkulunkulu ezokwembula. Kodwa kungokunye kwesihawu sakhe umi lapha. Futhi unesi—silonda onyaweni, unyawo lwangakwesokunxele. Kunjalo. Ukukholwa kwakho—kwakho kuthinte into ethize.

214 Nina-ke, kulezizingxenye, niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Yebo."—Umhl.] Kholwani, ke. Ningangabazi.

215 Lapha, inenekazi lihlezi lapha lifake isigqoko esimnyama, lifake izibuko. Unalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi na? Khona impela emva kwalowomfana omncane lapho, ekugcineni komugqa, wena! Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo ikhadi lomkhuleko. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi uphethwe yini, uzokwemukela-ke na? Uphethwe yinhliziyo. Lowo ngumkhwenyana wakho ohlezi eduze kwakho, futhi uphethwe yizindlala. Manje hamba ukholwe.

Ubani oMkholwayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

216 Lendoda eyikhaladi-ke ehlezi lapha na? Uyakholwa, mnumzane na? [Indoda ithi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Yebo."] Ubufuna umkhuleko, awunjalo na? ["Yebo."] Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi, kusuka kimi kuye kuwe, uyakholwa

ukuthi U...ukuthi ubuzokwemukela na? [“Yebo.”] Uphethwe amankanka. [“Yebo, mnumzane.”] Futhi unesibhono. [“Yebo.”] Kunjalo.

217 Nithini-ke kunoma yimuphi wenu phakathi lapho, niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

218 Kukhona omunye wesifazane oyikhaladi emva kwalo impela lelinenekazi emuva lapha. Uphakamise isandla sakho, dade. Ufuna into ethize eNkosini na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaYo na? Unenkathazo yephimbo uphethwe yilo. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi Ukuphilisile na?

219 Khona impela ngakuwe lapho, uqalaza eceleni, khona impela ngakuwe lapho ekupheleni komugqa; cishe oyedwa, owesibili, owesithathu, owesine, abantu abahlanu, emuva lapho. Uphethwe indlala yegilo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na?

220 Kanjani emuva khona lapha na? Indoda ekugcineni kwesihlalo, khona impela emgqeni ongemuva lapha. Unesifo sethumbu elikhulu esiyizilonda. Kunjalo, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuphilisa na? Manje-ke sukuma futhi ukwemukele, eGameni leNkosi uJesu.

221 UNkulunkulu akubusise. Angikaze ngikubone. Uyisihambi kimi. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi.

222 Niyakukholwa, nonke? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyayikholwa iNgelosi kaNkulunkulu efanayo efika kuAbrahama, ngesihawu, Eyayazi izimfihlo zemicabango kaSara, Yona leyo eyama emhlabeni futhi yazi imicabango yenqondo, anikholwa ukuthi Ilapha manje na? [“Amen.”] UNkulunkulu ofanayo, ngaphambi nje kokuba izwe lishe futhi embubhisweni, anikholwa ukuthi Ulapha na? [“Amen.”] Manje-ke asiMemukele. AsiMkholwe. AsiMthathe njengomphilisi wethu, khona manje. Bangaki kini abazokukholwa na?

223 Bangaki kini abakholwa ngempela na? Phakamisani izandla zenu. Manje, bekani, yehlisani izandla zenu.

224 IBhayibheli lasho lokhu, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

225 Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, ke, uma ningamakholwa. Ukhulekele umuntu oseduze kwakho. Nalowo oseduze kwakho, akhulekele wena okhulekelwe. Ngamunye wenu, khulekelanani manje, noma yikuphi endlini. Ngikuphosela inselelo lokhu ukukholwa.

Inenekazi lapho eline TB, khohlwa yiyo. Usuphilisiwe.

226 Wena ophethwe ukuphelelwa amandla, ohlezi lapho, mnumzane, osukumayo ebusuku. Khohlwa yikho. Ungeke usadingeka ukuthi ukwenze. UNkulunkulu akubusise.

227 Nginiphosela inselelo ukuba nenze isenzo sokukholwa. Niyakwenza na? Manje-ke khulekani, nonke ngamunye, ngendlela yenu uqobo. Bekani izandla zenu phezu komunye umuntu futhi nikhulekele omunye umuntu oseduze kwakho, ngisanikhulekela nonke.

228 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, mqalisi wokuPhila okuphakade, mnikezeli wezipho zonke ezinhle, thumela uMoya waKho njengamanje phezu kwalababantu.

229 Ngiyayigxeka imisebenzi kaDeveli, ngoba uDeveli usedaluliwe. Sathane, ngeke usababamba. Ukukholwa kwabo kuyaqonga, futhi babeke izandla zabo phezu kwalowo nalowo. Futhi ngikuphosela inselelo, ukuthi wehluliwe empini, nokwahlulelwa sekuseduze. Phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu. Suka kubo, eGameni likaJesu.

230 NiyaMkholwa na? Phakamisani izandla zenu futhi niMnike udumo ngokuphiliswa kwenu. Uma ukhubazekile, sukuma ume ngezinyawo zakho; uKristu uyakusindisa. Uma uyisishosha, unezandla zakho ezishwabene, ziphakamise; sekundawo zonke.

Nangu owesifazane oshwabene lapha, emile.

231 Ayidunyiswe iNkosi! Asithi, “Ayidunyiswe iNkosi,” wonk’umuntu. [Ibandla lithi, “Ayibongwe iNkosi!” UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kahlanu—Umhl.] Amen.

Mfowethu Neville.

